**HILLCREST HIGH SCHOOL**
**UKUHLOLWA KWAMANQAMU(FINAL EXAMINATION)NOVEMBA 2013**
**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA**
**IBANGA LESISHIYAGALOMBILI( GRADE 8)**

**MOTHER TONGUE SPEAKERS ONLY**

**ISIKHATHI:2AMAHORA** **AMAMAKI: 100**
**IMIYALELO KOHLOLWAYO:**

- Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuqala ukuphendula imibuzo.
- Khetha futhi uphendule imibuzo kanjengoba uyalelwe.
- Phendula ngesiZulu esihle.
- Bhala ngopelomagama olwamukelekile.
- Bhala umsebenzi ohlanzekile.

5.Kuthiwa kwenzani lokhu lapho kuba nengane/ nezingane
Isibonelo: Umuntu uyabeletha.

5.1. inja iya......
5.2. ingulube iya.....
5.3. inkukhu iya..... (3)

6.Ngabakwabani abathakazelwa kuthiwe:

Isibonelo:Khabazela > ngabakwaMkhize

6.1. Gatsheni
6.2 Macingwana
6.3. Mntungwa
6.4.Ngwane (4)


## ISIQEPHU B:
## UKUBE....NGABE: Sipho Mchunu

## IMIBUZO EMIDE

7.Qhathanisa laba balingiswa abahamba ngababili.Bhala ukuthi bafana ngani noma bahluke ngani omunye komunye.

7.1. uKhanyile noMchunu (5)
7.2. uThoko noSipho (5)

8.Bukisisa isithombe esikukhava yencwadi yakho bese uyasihumusha ukuthi simeleni ngokwendaba. Bhala ungedluli emigqeni emihlanu. (5)



## IMIBUZO EMIFUSHANE

9. Fundisisa lesi siqephu bese uphendula imibuzo**ngemisho ephelele.**

"Habe! Ngisafunda khona. Kumnandi kulesiya sikole. Sibanamakhonsethi kubuye kufike abantu abadumile nabavela phesheya ngeke ngihambe kulesiya sikole." Kuchaza uThembani.

"Uyofunda liphi ibanga kulo nyaka ozoqala?"

"Leshumi mngane wami." Kuphendula uThembani.

"Nami mngane wami," kusho uThoko ethokoziswa ukuthi basahambisana ngokufunda.

"Ngisacela ukuyokwenzela isiphuzo esibandayo. Bengibhakile izolo ngizokuzwisa ukuthi ngiwenza kanjani amasikonisi," kuncokola uThoko esukuma eya ekhishini.

9.1. Ngobani laba ababili abakhuluma kulesi siqephu? (2)
9.2. Ufundaphi manje lomngane wesikole esinamakhonsathi? (1)
9.3. Sinqumo sini esathathwa yilaba bangani ababili ngezimpilo zabo? (1)
[4]

10.Phendula le mibuzo ngegama elilodwa noma amabili kuphela.

10.1.Umuzi wakubo kaThoko ukuliphi ilokishi? (1)
10.2.UMabani umama kaSipho? (1)
10.3.Ngobani amagama abafowabo bakababa kaSipho asebashona? (2)
10.4 Basebenza msebenzi muni abazali bakaThoko? (1)
10.5.Ngubani igama likadadewabo kaThoko owashadiswa esemncane? (1)
[6]

11.Phendula ngokuthi YIQINISO noma YIPHUTHA
11.1.UThoko wafundela ubudokotela eNyuvesi yaseCape Town. (1)
11.2.USipho wafundela ukuba uthisha. (1)
11.3.Igama likanonhlalakahle uThoko aya kuye uNokulunga. (1)
11.4.Isibongo sikaSipho, uMchunu. (1)
11.5.UThemba igama lomngani kaSipho ahamba naye ukuya enyangeni. (1)
[5]

## ISIQEPHU C
## INCWADI

12.Nahlukana nomngani wakho omkhulu ngesikhathi seniya ezikoleni zamabanga aphakeme.Mbhalele incwadi –ke umxoxele ngempilo yakho entsha esikoleni esisha.Incwadi yakho kufanele **igcwale ikhasi elilodwa.** (30)